ISIZULU

UMHLAHLANDLELA WABANTU

# #RSABUDGET2025

Ushicilelo oluhlanganyelwe phakathi koMgcinimafa KaZwelonke kanye Nophiko Oluqoqa Intela LwaseNingizimu Afrika

#RSA Budget | #RSABudget2025

OKHISHWE NGU

national treasury
Department:
National Treasury
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Tel: (012) 315 5100
Media@treasury.gov.za
www.treasury.gov.za

ULWAZI

**SIYINI ISABELOMALI?**

NgoNhlolanja minyaka yonke, uNgqongqoshe WezeziMali wethula isabelomali sikazwelonke, lapho ememezela khona ukusetshenziswa kwezimali kukahulumeni, intela kanye nezinhlelo zokuboleka zeminyaka emithathu ezayo. Isabelomali sikazwelonke sicaza imali phakathi kweminyango kazwelonke, izifundazwe kanye nomasipala.

**SIHLANGANISWA KANJANI ISABELOMALI?**

1. Kushicilelwa imihlahlandlela okumele iminyango kahulumeni iyilandele ekudidiyeleni iSabelomali
2. Iminyango kahulumeni ibeka uhlu lwezidingo zayo ngokubaluleka kwazo bese ididiyela izinhlelo zokusetshenziswa kwemali kanye nezethembiso zokulethwa kwezinsiza zomphakathi
3. Iziphakamiso zeSabelomali zihanjiswa kuMgcinimafa Kazwelonke bese ziyadingidwa
4. Iziphakamiso zokwabiwa kwemali zicutshungulwa amakomidi abaQondisi-Jikelele beminyango kahulumeni ehlukahlukene
5. Izincomo zeSabelomali zenziwa eKomidini loNgqongqoshe
6. Isitatimende Senqubomgomo Yesabelomali Sesikhathi Esimaphakathi sinikeza izinkomba ngokuzokwenzeka kwiSabelomali esizayo
7. Kuthathwa isinqumo sokugcina kuKhabhinethi mayelana nemali ezokwabiwa
8. Kulungiswa imibhalo yeSabelomali
9. Kwethulwa iSabelomali Esiyinhloko
10. IPhalamende lidingida futhi lamukele iSabelomali
11. ISabelomali sithunyelwa kuMengameli ukuze asicikice sibe ngumthetho

# UKUPHENDLA INDLELA EPHOKOPHELE EKUKHULENI KOMNOTHO OKUBANDAKANYAYO KANYE NOZINZO KWEZOMNOTHO



MNU ENOCH GODONGWANA
UNGQONGQOSHE WEZEZIMALI

**Ukuze ikwazi ukubhekana nezinselelo zayo ezinkulu ezikhahlameza abantu emphakathini futhi ukuze kwenziwe ngcono izinga lempilo ephilwa ngabantu ezweni, iNingizimu Afrika idinga ukukhula komnotho ngesivinini futhi kwakhiwe namathuba omsebenzi angeziwe.**

Lokhu-ke kudinga ukuthi kuqinisekiswe uzinzo kumanenintengo nasezimalini zikahulumeni, ugesi owengeziwe kanye nokuhamba ngokushesha kwempahla, izinsizakalo zikahulumeni ezitholakala ngaso sonke isikhathi ngendlela ethembakele kanye nokukhushulwa kotshalomali olufakwa emiklamweni yengqalasizinda.

ISabelomali sowezi-2025 senza utshalomali olunobuqhinga ukuze kufezekiswe ukukhula komnotho okusheshayo, ngokuthi kugxilwe emiklamweni yengqalasizinda kagesi, ujantshi nezitimela, amanzi kanye nezokuthutha.

Nakuba umnotho ungakhulanga ngesivinini esihle ngowezi-2024, izinkomba zibonisa ukuthi isimo sizoba ngconywana kusukela ngowezi-2025 kuya phambili. Kule minyaka emithathu ezayo, kubhekeke ukuthi umnotho ukhule ngamaphesenti ama-1.8 ngonyaka futhi ukuqaliswa ngempumelelo kwezinguquko kungaholela ekutheni liphakame izinga lokukhula komnotho. Kunenqubekela phambili ebonakalayo emkhakheni kagesi nowezokuthutha, futhi kusenjalo kunezinguquko ezintsha ezenziwayo eziqondiswe ekuletheni uzinzo nobungcono ekuphakelweni kwamanzi. Kule minyaka emithathu ezayo kunemali elinganiselwa kuma-R1.03 thriliyoni ezosetshenziswa emiklamweni yengqalasizinda ehlukahlukene.

Ukuze kubhekwane nezingcindezi ezintsha futhi ezilokhu ziqhubeke njalo zokusetshenziswa kwemali, iSabelomali sowezi-2025 siphakamisa ukuthi kube nokwenyuswa okukhulu kwengenisomali. Okubaluleke kakhulu maqondana nalokhu, uhulumeni usethathe isinqumo esinzima sokukhuphula intela yentengo (VAT) ngamaphesenti ayi-2 iyofinyelela kumaphesenti ayi-17. Uhulumeni uzoqhubeka nokweseka abantu abampofu nababuthakathaka ngokuthi abeke eceleni isamba esikhulukazi semali ezofakwa kwezemfundo, ezempilo kanye nezokuthuthukiswa komphakathi. Isibonelelo sesikhashana sokulekelela labo abakhahlanyezwa yi-COVID-19 sizokwelulwa kuze kube nguNdasa 2026, futhi kuhlinzekwe ngesabelo sesikhashana esiqondene nezinhlelo zokubhekelela abantu abampofu kanye nokuhlinzeka ngamathuba omsebenzi ngowezi-2026/27 nowezi-2027/28. Uhulumeni futhi usebeke eceleni izimali nezinsiza esikhathini esimaphakathi zokubhekana nezinhlekelele kanye nemiklamo yengqalasizinda.

Ukuncishiswa komthwalo wezikweletu kuzothi ngokuhamba kwesikhathi nakho kunciphise inani lemali esetshenziswa nguhulumeni ukukhokhela izikweletu lezo nenzalo yazo. Ngokuqhubeka kwesikhathi lokhu kuncishiswa kwenzalo ekhokhelwa izikweletu kuzolekelela uhulumeni ukuthi akwazi ukuphatha kangcono izimali zakhe futhi okuyinto ezolekelela ekukhuliseni umnotho. Ngenkathi incipha inzalo ekhokhelwa izikweletu, uhulumeni uzoba nemali ethe xaxa angayisebenzisa emikhakheni enjengowezemfundo, ezempilo kanye nengqalasizinda.

Kusukela mhla lu-1 kuZibandlela 2024, iNingizimu Afrika iyona ephethe isihlalo sokwengamela i-G20. Ngenkathi iNingizimu Afrika iphethe lesi sikhundla sokwengamela i-G20, ezosiphatha unyaka owodwa, izogxila ekugqugquzeleni ukukhula komnotho okubandakanyayo futhi okusimeme, futhi ilwisane nobubha. Ukuphatha lesi sikhundla sokwengamela i-G20 kulindeleke ukuthi kukhuthaze imisebenzi yezomnotho, ikakhulukazi emkhakheni wezokuvakasha nokunakekelwa kwabavakashi.



# UKUFAKWA KOTSHALOMALI KWINGQALASIZINDA UKUZE KWESEKWE UKUKHULA KOMNOTHO

**Kule minyaka emithathu ezayo, kokubili utshalomali oluvela kuhulumeni kanye notshalomali oluvela emkhakheni ozimele kuzokhuphuka njengephesenti le-GDP, okuqopha igxathu eliya phambili emizamweni yezwe yokukhuthaza ukukhula komnotho.**

Kodwa-ke yize kunjalo, kudingeka ukukhula komnotho ngesivinini esisheshayo ukuze kubhekwane nezinselelo ezilokhu zibelesele njalo zokukhula komnotho ngonyawo lonwabu, izinga eliphakeme lokuntuleka kwemisebenzi kanye nobubha.

Uhulumeni uqalisa izinguquko zokukhulisa utshalomali olufakwa kwingqalasizinda kanye nokukhuthaza ukubamba iqhaza komkhakha ozimele. Lezi zinguquko zibandakanya ukwenza kube lula ukuthi inkampani ezimele ikwazi ukubambisana nesikhungo sikahulumeni ekuhlinzekweni kwemiklamo, nokwenza ngcono indlela uhulumeni ahlelela ngayo ingqalasizinda futhi kuthuthukiswe nokuziphendulela kweminyango kahulumeni nezikhungo yombuso ngemisebenzi yazo. Uma sezizonke, izinguquko ezihlongozwayo zizothuthukisa ukuhlela, ukuxhaswa ngezimali kanye nokuqaliswa kwemiklamo yengqalasisinda, okuyinto ezoqinisekisa ukuhlinzekwa ngokushesha kwengqalasizinda esekela ukukhula komnotho, enweba ukufinyelela kwizidingongqangi futhi idale amathuba omsebenzi.

> **"** ...ukuhlinzekwa kwengqalasizinda ngokushesha kuzokhuthaza ukukhula komnotho, futhi kudale namathuba omsebenzi **"**

Umkhakha kahulumeni uzochitha imali engama-R103 thriliyoni kwingqalasizinda kule minyaka emithathu ezayo. Ukutshalwa kwezimali kwingqalasizinda yezomnotho, okuzokwenziwa ikakhulukazi yizinkampani zombuso, kuzofinyelela kumaphesenti angama-81.5 esilinganiso sochithomali lwesikhathi esimaphakathi. Lezi zimali zizosetshenziselwa ukukhulisa nokwelula amandla okuphehlwa nokukhiqizwa kukagesi, ukuthuthukiswa nokwelulwa kwenethiwekhi yezokuthutha futhi kuthuthukiswe nezinsizakalo zokuthuthwa kwendle nokuphakelwa kwamanzi. Ingqalasizinda yezinsiza zikahulumeni, kubandakanya ezempilo kanye nezemfundo, izofinyelela kumaphesenti angama-15.5 ochithomali selulonke. Eminye yale miklamo izodinga utshalomali olwengeziwe oluvela kubatshalizimali abazimele, kanti futhi eminye izokwenziwa ngaphansi kobambiswano phakathi kwezinkampani ezizimele kanye nezikhungo zikahulumeni.

## AMAPHUZU AVELELE ESABELOMALI SOWEZI-2025

1. Izibonelelo zokunciphisa izindleko zokuphila nokubhekelela abahlwempu – kubandakanya ukuthuthukiswa komphakathi, izinhlelo zokuqashwa, ezempilo, ezemfundo kanye nokuvikelwa komphakathi – esikhathini esimaphakathi zizofinyelela kwisilinganisonani esingamaphesenti angama-61 ochithomali olungenanzalo.
2. zibonelelo zikahulumeni ezingunaphakade zizokwenyuswa ngezingasilinganiso elingaphezu kwelokwehla kwamandla emali kanti futhi *isibonelelomali sokulekelela labo abakhahlanyezwa yi-COVID-19* sizoqhubeka kuze kube ngumhla zingama-31 kuNdasa 2026.
3. Ukuthuthukiswa komnotho kungumkhakha okhula ngesivinini esikhulu njengoba kukhula ngesilinganisonani saminyaka yonke esingamaphesenti angama-8.1, okuwukukhula okuqhutshwa yizabelomali eziphezulu ezifakwa kwingqalasizinda.
4. ziphakamisongqangi zentela zibandakanya ukwenyuswa kwezingasilinganiso le-VAT ngamaphesenti ama-2 liyofinyelela kumaphesenti ayi-17 kanti futhi kuzofakwa izimpahla eziwukudla ezengeziwe ohlwini lwezimpahla ezingakhokhelwa ntela, futhi kusenjalo intela yemikhiqizo kawoyela nezibaseli yona izohlala injalo ingashintshile.
5. Ngowezi-2025/26, isikweletu sikahulumeni sizokwehla sifinyelele kumaphasenti angama-76.1 e-GDP.
6. Kuqagulwa ukuthi ukukhula komnotho koqobo kuzokhuphuka kufinyelele ku-1.9 phesenti ngowezi-2025, kusuka ekukhuleni komnotho obekulinganiselwa ku-0.8 phesenti ngowezi-2024.
7. Uhlelo lokuvumela abasebenzi ukuthi bathathe umhlalaphansi ngaphambi kwesikhathi esifanelekile luzokwabelwa ama-R11 billion ngowezi-2025/26 nowezi-2026/27 ukuze kulawulwe inani labasebenzi abangenzi umsebenzi ongumongo eminyangweni kazwelonke neyezifundazwe.

**BHEKA IKHASI ELILANDELAYO** →

## UKUKHUTHAZA UKUKHULA KOMNOTHO NGOKUGUQULA ISAKHIWO SAWO

**Umnotho weNingizimu Afrika ubhekene nezinselelo ezinjengokunqamuka kukagesi, uhlelo lwezokuthutha oluntekenteke kanye namazinga aphakeme obugebengu nenkohlakalo, osekunciphise kakhulu ukwethenjwa komnotho futhi osekudale ukwehla kwezinga lokukhiqiza.**

Isigaba sokuqala somkhankaso i-Operation Vulindlela kwabe kuhloswe ngaso ukunciphisa ukunqamuka kwamandla kagesi, ukulungisa izinkinga ezikhona ohlelweni lwezokuthutha, ukwehlisa izindleko zedatha, ukukhuphula izinga lokuphakelwa kwamanzi, ukuheha amakhono kanye nokweseka ezokuvakasha. Izinguquko ezizayo zizogxila ekwenzeni kube lula ukuthola umsebenzi nokuqasha abantu – ikakhulukazi ukulungisa izinkinga zokungalingani okukhona kwezokuhlaliswa kwabantu, ngokusebenzisa amadolobha ukuqhuba ngamandla imisebenzi yezomnotho kanye nokuthuthukisa ukuhlinzekwa kwezidingongqangi komasipala.

## IZINHLELO ZOKUQASHWA KOMPHAKATHI ZITHOLA UKWESEKWA OKUNAMANDLA



**Nakuba isibalo sabantu abasebenzayo sikhuphukile sayofinyelela ezigidini eziyi-16.9 ngekota yesithathu yowezi-2024, izinga lokuntuleka kwemisebenzi eNingizimu Afrika lisalokhu liphakeme kakhulu njengoba lime kumaphesenti angama-32.1.**

Izinhlelo zokuqashwa komphakathi, phecelezi, ama-Public employment programmes (PEPs) zisemqoka kakhulu ekubhekaneni nokuntuleka kwemisebenzi okuphakeme kakhulu, futhi okulokhu kuqhubeke njalo.

Ama-PEPs azothola uxhasomali olwengeziwe olungama-R8.8 ezigidigidi ngowezi-2025/26. Izikhungo zikahulumeni ezisemqoka ezizohlomula kulokhu zibandakanya:

- **UMnyango Wezemfundo Eyisisekelo:** ozokwabelwa isamba esingama-R5.8 ezigidigidi esiqondene nohlelo lokuvula amathuba omsebenzi ezikoleni zemfundo eyisisekelo.
- **UMnyango Wezemidlalo, Ezobuciko kanye Namasiko:** ozokwabelwa isamba esingama-R0.35 ezigidigidi esiqondene nohlelo lokukhuthaza imboni yabaqambi namaciko.
- **UMnyango Wezohwebo, Ezezimboni Nokuncintisana:** ozokwabelwa isamba esingama-R1.3 ezigidigidi esiqondene neSikhwama Sokuqashwa Komphakathi.
- **UMgcinimafa Kazwelonke:** ozokwabelwa isamba esingama-R0.45 billion sohlelo i-Cities Employment Programme.
- **Uphiko Lukazwelonke Lokuthuthukiswa Kwentsha:** oluzokwabelwa isamba esingama-R0.55 ezigidigidi esiqondene noHlelo Lukazwelonke Lokucija Nokuhlinzeka Intsha Ngamakhono.
- **UMnyango Wezokuqashwa Nezabasebenzi:** ozo-kwabelwa isamba esingama-R0.35 ezigidigidi esiqondene nezinhlelo ezinjengohlelo olulekelela abantu abasha ukuthi bakwazi ukungena emkhakheni wezemisebenzi, phecelezi, i-National Pathway Management Network, iSikhwama Sokukhuthaza Ukuqanjwa Kwezinhlelo Nezindlela Zokusebenza Ezintsha kanye nezinhlelo zokuqeqeshelwa emsebenzini kwabafundi abasanda kuphothula izifundo zabo.

Ngaphezu kwalokho, uMgcinimafa Kazwelonke kanye neHhovisi likaMengameli, ngokusebenzisana nezinye izikhungo zombuso, sebeqalisile ukubuyekeza kabanzi izinhlelo zokulekelela abantu abangasebenzi ukuthi bathole umsebenzi, ama-PEPs kanye nohlelo lokweseka umphakathi ukuze kuphuculwe indlela okusebenza ngayo lokhu.

## 1 IMITHOMBO YENGENISOMALI KAHULUMENI NGOWEZI-2025/26

| | | |
|---|---|---|
| R 2 067.6bn | 79.5% | IZINTELA |
| R 353.1bn | 13.6% | UKUBOLEKA |
| R 180.1bn | 6.9% | INGENISOMALI ENGENANTELA |

## 2 UCHITHOMALI LUKAHULUMENI NGOWEZI-2025/26

| | | |
|---|---|---|
| R 427.0bn | 16.4% | EZENHLALAKAHLE |
| R 424.2bn | 16.3% | IZINDLEKO ZESIKWELETU |
| R 349.6bn | 13.4% | EZEMFUNDO EYISISEKELO |
| R 298.9bn | 11.5% | EZEMPILO |
| R 289.8bn | 11.1% | EZOKUTHUTHUKISWA KOMNOTHO |
| R 286.6bn | 11.0% | EZOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI |
| R 267.6bn | 10.3% | UXOLO NOKUVIKELEKA |
| R 146.6bn | 5.6% | EZEMFUNDO EPHAKEME NOKUQEQESHA & TRAINING |

## 3 IZIBONELELO ZIKAHULUMENI

| | 2024/25 | 2025/26 |
|---|---|---|
| ISIBONELELO SABADALA | R2 185 | R2 335 |
| ISIBONELELO SOMAKADEBEBONA BEZEMPI | R2 205 | R2 335 |
| ISIBONELELO SABAKHUBAZEKILE | R2 185 | R2 335 |
| ISIBONELELO SEZINGANE EZINGENABAZALI | R1 180 | R1 260 |
| ISIBONELELO SABANAKEKELI BEZINGANE EZIKHUBAZEKILE | R2 185 | R2 335 |
| ISIBONELELO SEZINGANE | R530 | R530 |
| ISIBONELELO SABANGAKWAZI UKUZI-NAKEKELA NGOKWABO | R530 | R580 |

**19.3 izigidi**
Abantu abazobe bethola izibonelelo zikahulumeni **ngo Ndasa 2028**

*Isabelomali sizokwenyusa amanani ezibonelelo ezingunaphakade ngezingasilinganiso elingaphezu kwelokwehla kwamandla emali.*

## 4 ISABELOMALI SISEKELA UKUKHULA KOMNOTHO, UKWAKHIWA KWEMISEBENZI NOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI

**1.9 phesenti**
ukukhula koqobo kwe-GDP okulindelekile ngowezi-2025

**61 phesenti**
uchithomali lukahulumeni olwabelwe **ukuthuthukiswa komphakathi, izinhlelo zokuqashwa,ezempilo, ezemfundo nokuvikelwa komphakathi** kule minyaka emi-3 ezayo

**R35.2 izigidigidi**
uxhasomali olwengeziwe olwabelwe ukwelula isibonelelomali sokulekelela labo *abakhahlanyezwa yi-COVID-19 kuze kube* nguNdasa 2026


**R885.7 izigidigidi**
imali eyabelwe **izidingongqangi, izindlu nezokuthuthwa komphakathi, kanye noguquko lwezindawo zokuhlaliswa kwabantu nokuthuthukiswa kwezindawo ezisemadolobhenikule** minyaka emi-3 ezayo

**R905.9 izigidigidi**
**imali eyabelwe umkhakha wezokukhiqiza, amabhizinisi amancane kanye nezinhlelo zokuqashwa komphakathi** kule minyaka emi-3 ezayo ukuze kukhuthazwe ukukhula komnotho nokuqashwa kwabantu.

## 5 IZINHLELO ZOKUQASHWA KOMPHAKATHI

**R8.8 izigidigidi**
yabelwe izinhlelo zokuqashwa komphakathi ngowezi-2025/26 **ngenhloso yokweseka izindlela zokuziphilisa zabantu, ukuqhuba izinguquko esakhiweni somnotho kanye nokuvumela ukwakhiwa kwemisebenzi.**

## 6 IZINKOKHELO ZIKAHULUMENI EZINGENANZALO KANYE NEZINENZALO NJENGESAMBA SEZINDLEKO SEZIZONKE




Uchithomali olungenanzalo
Inkokhelo yenzalo

* Uchithomali olungenanzalo yisamba sochithomali lukahulumeni oluphelele ingafakiwe inzalo ekhokhelwa isikweletu.

# 2025 IZIPHAKAMISO ZENTELA

SARS At Your Service

## INTELA YENGENISOMALI YOMUNTU SIQU

### NGABE AKUTHINTA KANJANI AMAZINGA-NTELA ENGENISOMALI YOMUNTU SIQU?

Isabelomali sowezi-2025 sihlelembisa futhi siguqule imiklamontela yengenisomali yomuntu siqu kanye nezaphulelontela ngenhloso yokunxephezela ngokwengxenyana esimweni esidalwe yimithelela yokwehla kwamandla emali. Isamba semali okumele itholwe ngumuntu ngaphambi kokuba kudingeke ukuba akhokhe intela ngonyakamali osukela mhla lu-1 kuNdasa 2025 kuya kumhla zingama-28 kuNhlolanja 2026 simi kanje:

| IMIKHAWULONTELA | UNYAKAMALI WENTELA: 2024/25 | UNYAKAMALI WENTELA: 2025/26 |
|---|---|---|
| Abangaphansi kweminyaka engama-65 | R95 750 | R100 350 |
| Abaneminyaka engama-65-74 | R148 217 | R155 350 |
| Abaneminyaka engama-75 nangaphezulu | R165 689 | R173 650 |

Izaphulelontela zomkhokhintela ngamunye zime kanje:

| IZAPHULELONTELA | UNYAKAMALI: WENTELA: 2024/25 | UNYAKAMALI: WENTELA: 2025/26 |
|---|---|---|
| Umkhakha wokuqala (bonke abantu) | R17 235 | R18 063 |
| Umkhakha wesibili (Abano 65 nangaphezulu) | R9 444 | R9 900 |
| Umkhakha wesithathu (Abano 75 nangaphezulu) | R3 145 | R3 294 |

## IZINTELA ZEMIKHIQIZO ENOBUNGOZI

### UKUKHUSHULWA KWENTELA YOTSHWALA NOGWAYI

Intela eqondene notshwala izokhuphuka ngamaphesenti ayisi-6.83 bese kuthi imikhiqizo kagwayi ikhuphuke ngamaphesenti ama-4.83 namaphesenti ayisi-6.83 kusukela ngosuku okuzokwethulwa ngalo isabelomali mhla ziyi-19 kuNhlolanja 2025.

| | KUZOKHUPHUKA NGAMA: |
|---|---|
| Ubhiya wemvubelo | 16c ngekani elingama-340ml |
| Iwayini elingahluziwe | 28.5c ngebhodlela elingama-750ml |
| Iwayini elihluziwe | 48c ngebhodlela elingama-750ml |
| Iwayini elihlohlozayo | 91.5c ngebhodlela elingama-750ml |
| Ama-Cider neziphuzo zezithelo ezinotshwala | 16c ngekani elingama-340ml |
| Ugologo | R6.04 ngebhodlela elingama-750ml |
| Usikilidi | R1.05 ngephakethe lama-20 |
| Izinti zomkhiqizo kagwayi oshisiweyo | 9c ngephakethe lama-20 |
| Ugwayi kasikilidi | R1.18 ngama-50g |
| Imboza | 51c ngama-25g |
| Izigazu | R8.60 ngama-23g |
| Ingxube enenikhothini nengenayo inikhothini kagwayi obhenywa ngemibhobho yobuchwepheshe besimanjemanje | 14c ngemililitha |



## AMAZINGASILINGANISO ENTELA

### INTELA YENGENISOMALI: YOMUNTU NGAMUNYE

Intela okumele ikhokhwe ngumuntu ngamunye ngonyakamali ophela phakathi kwamhlalu-1 kuNdasa 2025 kanye nomhla zingama-28 kuNhlolanja 2026.

| Ingenisomali Ekhokhelwa Intela (R) | Izingasilinganiso lentela (R) |
|---|---|
| R0 kuya kuma-R248 600 | ama-18% engenisomali ekhokhelwa intela |
| R248 601 kuya kuma-R388 400 | R44 748 + ama-26% engenisomali ekhokhelwa intela engaphezu kwama-R248 600 |
| R388 401 kuya kuma-R529 200 | R81 096 + ama-31% engenisomali ekhokhelwa intela engaphezu kwama-R388 400 |
| R529 201 kuya kuma-R694 500 | R124 744 + ama-36% engenisomali ekhokhelwa intela engaphezu kwama-R529 200 |
| R694 501 kuya kuma-R885 400 | R184 252 + ama-39% engenisomali ekhokhelwa intela engaphezu kwama-R694 500 |
| R885 401 kuya kuma-R1 875 100 | R258 703 + ama-41% engenisomali ekhokhelwa intela engaphezu kwama-R885 400 |
| R1 875 101 nangaphezulu | R664 480 + ama-45% engenisomali ekhokhelwa intela engaphezu kwama-R1 875 100 |

### INTELA YENTENGO

Izingasilinganiso le-VAT lizokhuphuka lisuka kuma-15% liyofinyelela kuma-17% kusukela mhla lu-1 kuMbasa 2025.

### INTELA YOKUDLULISWA KWEMPAHLA

Ithebula lamazinganani entela yokudluliswa kwempahla lizoguquka kusukela mhla lu-1 kuNdasa 2025. Isamba sokuqala esingama-R1 210 000 senani lempahla etholiwe asikhokhelwa intela yokudluliswa kwempahla. Ithebula lezilinganiso ezintsha limi kanje:

| Intengo Yesakhiwo | Izingasilinganiso Lentela |
|---|---|
| R0 kuya kuma-R1 210 000 | 0% wentengo yesakhiwo |
| R1 210 001 kuya kuma-R1 663 800 | 3% wentengo yesakhiwo engaphezu kwama-R1 210 000 |
| R1 663 801 kuya kuma-R2 329 300 | R13 614 + 6% wentengo yesakhiwo engaphezu kwama-R1 663 800 |
| R2 329 301 kuya kuma-R2 994 800 | R53 544 + 8% wentengo yesakhiwo engaphezu kwama-R2 329 300 |
| R2 994 801 kuya kuma-R13 310 000 | R106 784 + 11% wentengo yesakhiwo engaphezu kwama-R2 994 800 |
| R13 310 001 nangaphezulu | R1 241 456 + 13% wentengo yesakhiwo engaphezu kwama-R13 310 000 |

*Source: National Treasury*

Scan this QR code for the PDF version of this People's Guide to the Budget

**UMBONO WAKHO UBALULEKILE**

**INGABE UWUTHOLE UWUSIZO LO MHLAHLANDLELA WABANTU NGESABELOMALI?**

Silokhu sifuna ukuthola izindlela ezintsha zokuthuthukisa lo mhlahlandlela futhi singajabula uma ungasithumelela **imicabango nemibono yakho ngalokhu** ku- Media@treasury.gov.za